



UMbabala wayenendlu encane eyakhiwe ngezintingo. Wayevame ukushiya umnyango uvulekile uma ehamba.



Ngelinye ilanga wabuyela ekhaya, wafika umnyango uvaliwe. “Ungalingi uvule umnyango, ngizokudla!” kusho izwi elindondayo ngaphakathi endlini.




T4_3 Bushbuck's visitor_big book_Z.indd 2 2021/11/04 21:55



UMbabala wayesebiza umngane wakhe uNdlovu ukuthi azosiza. “Ungalingi uvule umnyango, ngizokudla,” kusho izwi.



T4_3 Bushbuck's visitor_big book_Z.indd 3 2021/11/04 21:55



UNdlovu noMbabala babiza uBhubesi. “Ungalingi uvule umnyango, ngizokudla,” kusho izwi. “Ini? Udle mina, inkosi yezilwane?” kubhonga uBhubesi.



Kwezwakala umsindo wobufohlofohlo, wavuleka umnyango kwaphuma uSele egxumagxuma. “Naze nethuka bo! Yimina. Bengidlala ngani!” kusho uSele.



T4_3 Bushbuck's visitor_big book_Z.indd 5 2021/11/04 21:55



Bahleka abangane uma bebona uSele. "Ngiyabonga ngosizo lwenu, Ndlovu ninoBhubesi!" kusho uMbabala. "Ningabangane abahle."



T4_3 Bushbuck's visitor_big book_Z.indd 6 2021/11/04 21:55

